Izinthsumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

15/2015 Intshumayelo ngesonto elithiwa Invokaviti, ngomhla ka 22. 02. 2015

Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele.

Izwi elongamela leliviki, lilotshiwe ku-1 Joh. 3:8b, lithi: "INdodana kaNkulunkulu yabonakaliswa ngalokhu, ukuze ichithe imisebenzi kaSathane."

1. Iculo 95/87

2. **Umkhuleko:** Nkulunkulu, Baba wethu osezulwini, sikhanyise ngoMoya wakho, ukuba siqonde izwi lakho, sibone, sikholwe nguMsindisi wethu onguJesu Kristu. Siyabonga ngoba wamthumela kithi ukuba achithe imisebenzi kaSathane. Siphe amandla kaMoya wakho oNgcwele ukuba nathi siqiniswe empini esiyikulo, nathi sikwazi ukunqoba ngamandla kaJesu Kristu onguMhlengi wethu, sikhuleka egameni lakhe, uJesu Kristu. Amen.

3. Izwi leTestamente elidala lilotshiwe kuGen. 3:1-24;

   Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe kumaHeberu 4:14-16;

   Ivangeli ngohlelo lwesihlanu lilotshiwe ku-Luka 22:31-34.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

5. Iculo 231/154

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

7. Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe kuMathewu 4:1-11, lithi: "Khona uJesu waholelwa nguMoya ehlane ukuba alingwe nguSathane. Esezilile ukudla izinsuku ezingamashumi amane nobusuku obungamashumi amane, wagcina walamba. Kwafika umlingi, wathi kuye: Uma uyiNdodana kaNkulunkulu, yisho ukuba lamatshe abe-yizinkwa. Kepha waphendula wathi: Kulotshiwe ukuthi: Akusinkwa sodwa umuntu ayakuphila ngaso kodwa ngamazwi onke aphuma emlonyeni kaNkulunkulu. Khona uSathane wamthatha, wamyisa emzini ongcwele, wammisa esiqongweni sethempeli,

wathi kuye: Uma uyiNdodana kaNkulunkulu, ziphonse phansi; ngokuba kulotshiwe ukuthi: Uyakuyaleza izingelosi zakhe ngawe, zikuthwale ngezandla, ungaze waqhuzuka etsheni ngonyawo lwakho. UJesu wathi kuye: Kulotshiwe futhi ukuthi: Ungayilingi iNkosi uNkulunkulu wakho. USathane wabuye wamyisa entabeni ende kakhulu, wamkhombisa imibuso yonke yezwe nenkazimulo yayo; wathi kuye: Konke lokhu ngizakukunika khona, uma uziwisa phansi, ukhuleke kimi. Khona uJesu wathi kuye: Suka, Sathane, ngokuba kulotshiwe ukuthi: Wokhuleka eNkosini uNkulunkulu wakho, umkhonze yena yedwa. USathane wayesemshiya; bheka, kwafika izingelosi, zamkhonza. Amen.

8. Intshumayelo: Bathandekayo eNkosini yethu uJesu Kristu, sinalo iculo elilotshiwe nguMartin Luther ngomnyaka ka1528. Walwa ngamandla amakhulu nabantu abafunile ukuguqula izwi leNkosi. Iculo lithi: "Nezwi leli elikhulu bangeke balithinte, enathi uNkulunkulu kanye nezipho zakhe." Babethi uJesu Kristu akasiniki inyama yakhe, akasiniki igazi lakhe esidlweni sakhe esigcwele, kodwa uLutha wathi kanye nezwi likaNkulunkulu ukuthi: "Isakramente lesidlo seNkosi lingumzimba isibili negazi isibili leNkosi yethu uJesu Kristu phakathi kwesinkwa newayini, limisiwe nguKristu uqobo ukuba lidliwe liphuzwe yithi esingamaKristu." Asikwazi ukuguqula amazwi kaNkulunkulu ukuba asivumele. Ngaleliculo uLuther uyasiculisa kuze kube namuhla, nangesiZulu sicula iculo lakhe: "INkosi yethu iyinqaba, iyisihlangu sethu." Asifuni ukuguqula amazwi kaNkulunkulu ukuba asivumele izifiso zethu, sikwenze lokhu esikuthandayo. Noma izitha zethu zifisa ukusishaya, ukusibulala asifuni ukuguqula amazwi kaNkulunkulu, simlandele uSathane nezilingo zakhe. Usasebenza, usekhona, usalinga, usadonsa abantu ngezilingo zakhe.

Ngombhapathizo singabantwana bakaNkulunkulu. Kusho ukuthini na? Kuthi: UBaba wami ezulwini uyangithanda, uyangilondoloza, uyangivikela. Kusho ukuthi: Umfowethu uJesu Kristu wangisindisa, wangihlenga, wangizuza kuzo zonke izono, nakukho ukufa, nakuwo amandla kaSathane, ngegazi lakhe elingcwele, ngingowakhe impela.

USathane akathandi lokhu, akathandi leliqiniso. Akafuni ukuthi simesaba, simthanda, simethembe uNkulunkulu phezu kwezinto zonke. Uyafuna ukuba sibone okunye

okukhanyayo, okubukeka, okumnandi. Ngenxa yalokhu uyasilinga ngezinto eziningi. Akathandi futhi ukuba sakhe ukuphila kwethu phezu kwezithembiso zikaNkulunkulu.

Singabantwana bakaNkulunkulu ngoba esizala kabusha emanzini ngoMoya oNgcwele. Singabantwana bakaNkulunkulu ngombhapathizo. Leliqiniso liyamhlupha uSathane. Akafuni ukuba sikholwe yilokhu, uyathanda kakhulu ukutshala ukungabaza ezinhliziyweni zethu ngokuthi:

"Uma uyindodana kaNkulunkulu, ulambelani?" "Uma uyindodana kaNkulunkulu, ugulelani?" "Uma ungumtwana kaNkulunkulu, uhluphekelani?" "Uyindodakazi kaNkulunkulu kodwa ungumpofu, kusizani ukuba umtwana wakhe na?" USathane uyisihlakaniphi esikhulu mayelana nalemibuzo. Uyathanda kakhulu ukuyisebenzisa kithi. Futhi akashayiwanga uvalo ukuba angasebenzisi imibhalo engcwele ukuba asilinge ngobuqili bakhe. Wayengashayiswa uvalo ukulinga uJesu Kristu ngemibhalo engcwele, ngeke ashayiswe uvalo ukulinga thina esingabantu ababuthakathaka.

Kodwa uJesu Kristu wamqoba, wamhlula ngezwi likaNkulunkulu. "Akusinkwa sodwa umuntu ayakuphila ngaso kodwa ngamazwi onke aphume emlonyeni kaNkulunkulu." "Amazwi onke", kusho ukuthi asifaneli ukuthatha nje izwi elilodwa, sakhe konke phezu kwalo, kodwa sifunde ibhayibheli lonke, sihlanganise konke, singafuni umusho owodwa nje, bese, siduke, sidukise nabantu. "Ungayilingi iNkosi uNkulunkulu wakho." Ungadlali ngoNkulunkulu, ungasho uNkulunkulu ufanele ukungibamba, ukungibuyisa, ukungiphendula, ukungilungisa, mina ngoqobo lwami ngisadlala kancane ngaye. Izwi likaNkulunkulu lithi: "Wokhuleka eNkosini uNkulunkulu wakho, umkhonze yena yedwa." Kungumyalelo wokuqala: "Ungabi nabanye onkulunkulu ngaphandle kwami." Bathandekayo eNkosini uNkulunkulu akasidonsi ngamakhala ethu ukuba asidukise, asilahle.

UMdali, uMlondolozi, uMhlengi, uMsindisi wethu wasipha uMoya oNgcwele ukuba asikhonze ngezipho zakhe. Sidinga lelizwi loMalusi wethu omuhle njalo ezindlebeni zethu ukuba siqiniswe ekukholweni okuyikho, singadukiswa nguSathane. Sidinga ukukhonzwa nguNkulunkulu enkonzweni yakhe ukuba sibe namandla empini le elingcwele. Sidinga isidlo sakhe esingcwele ukuba sikwazi ukumelana noSathane nempi lakhe. Sidinga intethelelo yezono zethu enkonzwni yesibiko ukuba sikhunjuzwe njalo

ngothando lukaBaba wethu osamukelayo thina esingabantwana bakhe. UMoya oNgcwele uyasikhonza kakhulu ukuba asiqinise ekukholweni okuyikho. Siphumelele ekulingweni kukaSathane siqobe, sihlule, singawi esonweni noma sihlulwe nguSathane.

UJesu Kristu wamnqoba. Sizwile lokhu namuhla ezwini lepistola elithi: "Asinaye umPristi omkhulu ongenakuzwelana nobuthakathaka bethu, kepha olingiwe kukho konke njengathi, engenasono." Wamnqoba uSathane, wanqoba nokufa, wanqoba nesono, ukuba asiphe isabelo sokuqoba kwakhe. Singabakhe ukuba nathi sinqobe. Makasisize ngoMoya wakhe oNgcwele ukuba nathi sibe namandla wokulwa kulempi engcwele, sinqobe kanye naye. Nezwi lentshumayelo liyasifundisa kahle kakhulu ngokunqoba kukaJesu Kristu uSathane: Wathi kuye: "Suka, Sathane!" "USathane wayesemshiya." USathane akanamandla kuye, ngokuba unqotshiwe. USathane akanamandla phezu kwethu esingabantwana bakaNkulunkulu, ngoba umfowethu uJesu Kristu wamnqoba.

"Bheka, kwafika izingelosi, zamkhonza." Bathandekayo eNkosini ivangeli lanamuhla liyagcina ngomusho omuhle. Ngesinye isikhathi ngithi kuzobanjalo ngesikhathi sikhishwe lapha kulendawo yobuhlungu, singene embusweni kaNkulunkulu, bheka izingelosi zizakusikhonza, kakhulu ekugcineni ngokusiyisa ekhaya njengaloyaLasaro. Sizobusa kanye noJesu Kristu embusweni wakhe kuze kube phakade.

Kodwa namanje siselapha ehlane, sisalingwa, sisahlupheka. Thina esingabantwana bakaNkulunkulu ngombhapathizo wethu asikhishwanga lapha emhlabeni ukuba siphile emafwini noma ezulwini, siselapha emhlabeni, silingwa, sihlupheka, silwa lempi engcwele. Ake singakhohlwa ukuthi uJesu Kristu wamnqoba uSathane, wayichitha imisebenzi yakhe akasenamandla amaningi kithi esingabantwana bakaNkulunkulu. Ake sifunde ukusho lelizwi likaJesu Kristu elithi: "Suka Sathane!" uma esilinga ngezilingo zakhe.

Kukhona okubalulekile kunezinkwa, yebo kunokudla nokuphuza, izwi likaNkulunkulu. Kukhona okubalulekile kakhulu kunemali nemibuso nenkazimulo yezwe, kungukwenza intando kaNkulunkulu. Ekugcineni uNkulunkulu uyathanda ukusingenisa embusweni wakhe ukuba sibuse embusweni wakhe. Bathandekayo eNkosini ningadinwa ekukholweni, iNkosi iyeza.

Ake sicule kanye noMartin Luthela namuhla owathi: "Nezwi leli elikhulu bangeke balithinte, enathi uNkulunkulu kanye nezipho zakhe. Noma besaphuca imali nomzimba, nabo abantwana, asilutho lokhu umbuso ungowethu." Bakithi, umbuso ungowethu, ake singangabazi kodwa sibambele kulesisithembiso sikaNkulunkulu kuze kube sekufeni, uMoya oNgcwele makasisize kulokhu. Amen.

9. Umkhuleko: Nkulunkulu, Baba wethu osezulwini, siyabonga izwi lakho, qinisa ukukholwa kwethu ukuba amandla angapheli endleleni sisahamba lapha ehlane, silambile, sikhathele. Siyabonga umusa wakho omkhulu, usasigcinile siphe ukunqoba kanye noKristu. Sicela egameni lakhe elingcwele. Amen.

Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 86/76

Ukuthula kukaNkulunkulu odlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyo zethu nemicabango yethu kuKristu Jesu, iNkosi noMsindisi wethu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-2014 ngu-.P. C. Weber.

Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.